PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ISICELO SOKUPHAKANYISWA KWAMAGAMA ABANTU ABABILI (2)

ABAZOQASHELWA UBULUNGU BOMKHANDLU OZIMELE WOKULAWULA EZOKUXHUMANA WASENINGIZIMU AFRIKA (I-ICASA)

Izikhungo kanye/noma abantu bayamenywa ukuba baphakamise amagama abantu abazogcwalisa izikhala ezimbili emkhandlwini we-ICASA, njengoba usungulwe ngokomthetho woMthetho woMkhandlu Ozimele Wokulawula ezokuXhumana waseNingizimu Afrika, Nombolo 13 wezi-2000 [Njengoba uchitshiyelwe Umthetho Ochibiyelayo wezokuXhumana, Nombolo 64 wezi-2002 kanye noMthetho Ochibiyelayo woMkhandlu Ozimele Wokulawula ezokuXhumana waseNingizimu Afrika, Nombolo 2 wezi-2014].

I-ICASA ilawula ibeke nenqubomgomo ezolawula ezokusakaza kanye nokuxhumana ngezingcingo okufunwa umphakathi, ukuqinisekisa ubulungiswa kanye nokwehlukana kwemibono, kanye nokuqapha indawo kanye nokuqinisekisa ukulandelwa kwemithetho, ukulawula kanye nenqubomgomo, ulalela uphinde uthathe izinqumo ngamacala kanye nezikhalazo embonini, uhlela uphinde uphathe iziteshi zokusakaza uphinde uvikele abathengi ekusebenzeni kwebhizinisi ngendlela engalungile, imisebenzi engekho eqophelweni elifanele kanye nemikhiqizo elimazayo noma engagculisi.

Abantu abaqashelwe uMkhandlu kumele bazibophezele ebulungisweni, ekudluliseni imibono yabo ngokukhululeka, ukuvuleleka kanye nokumela obhekene nakho futhi kumele bamele abantu bonke beRiphabhlikhi baphinde babe namaphepha afanele okufundelwe okuphasiwe, ubungcweti kanye nesipiliyoni emkhakheni, okubalwa kuwo, owezokusakaza, owezokuxhumana ngogesi kanye nenqubomgomo yokuposa nokusebenza kweposi, ukuthuthukiswa kwenqubomgomo yomphakathi, ezobunjiniyela zikagesi, umthetho, ulwazi nobuchwepheshe, okuqukethwe noma ngandlelani, ukuvikelwa kwekhasimende, ezemfundo, ezomnotho, ezezimali noma obunye ubungcweti namaphepha okufundiwe okuphasiwe okuhambisana nale mikhakha, kanti futhi kumele abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika ngokugcwele ahlale eRiphabhlikhini.

Amagama abaphakanyisiwe abhaliwe kumele abe negama eligcwele kanye nekheli lesikhungo kanye/noma lomuntu ophakamisa igama lomuntu, umuntu ophakanyisiwe kumele asayinde ukwamukela kwakhe ukukhethwa kanye ne-cv yakhe, enikeza lolu lwazi olulandelayo:

- igama eligcwele, inombolo KAMAZISI kanye nobulili
- ikheli lokuxhumana, inombolo yocingo kanye nezinombolo zefeksi, ikheli le-imeyili
- imisebenzi ake asebenza kuyo noma isipiliyoni (ucaphune isikhathi kanye nesikhungo esithintekayo)
- amaphepha emfundo okufundiwe okuphasiwe.

Amagama abaphakanyisiwe kanye nemibuzo kumele kuthunyelwe eKomidini lesiShayamthetho kuZwelonke kwezokuXhumana (zithunyelwe: ku**Mnu. Thembinkosi Ngoma**, uNobhala weKomidi), 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town, 8001 noma uthumele i-imeyili ku **tngoma@parliament.gov.za** noma ifeksi ku-**0865225740.** Imibuzo ngocingo ingabhekiswa ku-**(021) 403 3733** noma **0837098407.**

Usuku lokugcina lamagama abantu abaphakanyiswayo: nguLwesihlanu, mhla zingama-30 kuNhlangulana wezi-2017 ngehora le-16:00 ntambama.

Sicela uqaphele ukuthi abakhethiwe bangase bahlolwe ubuqiniso balokho abakufundele futhi kubhekwe nobumsulwa kwezovikeleka.

Ikhishwe nguMnu Humphrey Maxegwana, iLungu lePhalamende: uSihlalo – weKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke kwezokuXhumana.